# *INGUBO ENDE EYISEKENI*

Bengingaphakathi nje nomelusi. Ngathi . . . Ngimcelile izolo ukuba angishayele ucingo. Futhi ngithola ukuthi, ngivele nje . . . Usuku lonke gulukunqu, bekungekho zingcingo, futhi ngacabanga, “Awu, ngiyamangala ukuthi yini engalungile na? Okuthile ku . . . Konke kunokuthula kakhulu.” Futhi emva kwesikhashana, uDadewethu Wood wakhuphuka nokushaywa kwezingcingo okugcwele isandla. Ifoni yami ibingasebenzi, ngakho-ke, uma noma ngabe ubani omunye wenu ubeshaye ucingo. Ifoni ikhalile, kodwa ingakwazi ukuwawaza phakathi lapho, ngakho-ke inkinga ibisezansi kuswishibhodi. Bayilungisile cishe ngehora lesishiyagalombili nqo izolo ebusuku, noma mhlawumbe kancane ngaphambi kwalokho, futhi, ifoni, izingcingo ziyangena manje.

2 Siyajabula ukuba senkonzweni kulokhu ukusa. Ngithole ukubanda okubi kabi, lokho ngokuvamile ngikuthola lapho ngifika ekhaya. Ngigxumbuza ngizungeza iqhwa lize lenyukele okhalweni, nokulala ebusuku. Ngingacabangi neze ngakho kude nalapha, kodwa nje ngaphesheya lwalelogquma lapho eNew Albany, yilokho kuphela omele ukwenze, ukuze ungene kulesi sigodi, ngase-ke ngithola ukubanda okubi. Futhi kungukuthi . . . Angazi, kukhona okuthize esigodini khona lapha okugcina kuphansi. Futhi kuphansi, futhi akuvumelani nami nhlobo.

3 Manje, siyajabula ukuba sibe sebandleni, njengoba ngishilo, nokuzwa umelusi wethu othandekayo esinikeza izwi lakhe lesicelo sethu, naseNkosini uJesu. No—nokuzwa, kuyadabukisa ukuzwa abaningi kakhulu abagulayo nabaswele, nokuthi udeveli usekuhlaseleni kanjani ukwenza wonke umuntu agule.

4 Futhi inenekazi elincane liphakamile mayelana nodadewabo emuva lapho, futhi ngiyazi ukuthi uDadewethu Sauer usezansi lapho ubenaye. Udokotela umthumele ekhaya ukuba afe manje. Futhi usakholwa ukuthi uzophulukiswa. Futhi ukwesinzima, isimo esinzima kakhulu. Umkhwekazi wami, ngendlela efanayo, iminyaka engamashumi ayisikhombisa ubudala manje. Usesimweni esibi kakhulu. Futhi ngokuqinisekile ukugula okuningi ezweni lonke. Bese kuthi-ke kukhona uMoya oNgcwele ezweni lonke, niyabo, ophilisa ukugula kwethu, uma singathola kuphela umusa ngaYe.

5 Futhi manje, kungukuthi umphimbo wami ubuhlungu, awubuhlungu, kodwa womile. Futhi angizukuzama ukushumayela, kodwa nje ngikhulume kini isikhashana okuvela eZwini, bese ngiya ekukhulekeleni abagulayo, okungukuthi ngithembise ukukwenza. Kodwa nje ngaphambi kokuba ngenze lokhu, ngifuna ukumemezela emiye imihlangano futhi. Ngi . . .

6 Ezinkonzweni zami ngithe ukuba nohlobo lokuphikisa okuncane kwe. . .hhayi ukuphikisa, kodwa nje ukungaqondi kahle okuncane. Futhi izikhathi eziningi, a—anginazo izikhangiso enkonzweni yami, njengoba—njengoba abaningi babazalwane emasimini benakho, njengomsakazo nethelevishini, namaphephabhuku nokunye nokunye. Futhi ekwenzeni kanjalo, ngani, othile ebengathi, "UMfowethu Branham uzoba lapha." Manje ngikhangiswe ezindaweni ezintathu kuleliki, namhlanje nje, izindawo ezintathu ezahlukene. Eyodwa ezansi eKentucky, ezimbili eCalifornia, engazi ngayo. Futhi akukho ongakwenza ngakho, ngoba angikakabi nanoma iyiphi enye indawo yokukhangisa esemthethweni, ngakho kukwenza kuthi ukuba nzima.

7 Futhi, yebo, uma kwenzeka kube khona umuntu ovela ezansi ngaseMadisonville, eKentucky, lapha. Ngimenyezelwe ukuba ngibe sezansi lapho ngeviki lokugcina, futhi bengingazi lutho ngakho. Futhi ngifika ekhaya, futhi—futhi sebekumemezele; futhi umfowethu okwenzile, obizwa ngegama lakwa-Epply. Noma, ngikholwa ukuthi lelo bekuyigama lakhe. Ngakho konke ukuhlosa ukuba qotho nokuba lusizo, ukwenzile. Ungibizile futhi wabuza ukuthi singehlela ezansi ukuba—ukuba sibe isibusiso futhi sithole isibusiso esivela kubantu bakubo. Futhi ushaye ucingo. Ngimtshele ukuba acele uMfowethu Moore. Awu, khona-ke, ngidingeke ukuba ngihambe. Ngimtshelile ukuthi ngidingeke ukuba ngihambe ngosuku olufanayo. Awu, uMfowethu uMoore uhlulekile ukwazisa noma ubani. Futhi ukuthi nini, noma angazise, noma azise umkami. Ngakho bengisenhla e-Idaho, futhi ngisanda kubuya, nomhlangano ubuqhubeka.

8 Ngakho, futhi ngakho ngibone, ngalokho, ngeke kwakwazi ukwenza amalungiselelo eLouisiana ngezinto eziqhubeka lapha. Ngakho, ngisingathe amalungiselelo ngokwami, ukwenza amalungiselelo ami uqobo ngemihlangano, kuze kube imihlangano yami. . . Ngithi ukuba nje. . . O, angazi, ngicabanga ukuthi ukuvuma kuwulungele umphefumulo. Anicabangi kanjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bengithemeleza kakhulu nje ngalezi zinto. Futhi nje ngivumele noma ubani, noma kuphi, mahlaphahlapha nje akuyeke kuhambe. Futhi ngithola ukuthi, akukhokheli. Emva kwesikhathi eside, ufaka. . . Ufanele ube nenqubo ethize kukho. Futhi manje ngizama ukwenza amalungiselelo.

9 Futhi ngi—futhi ngizobona uNkk. Arnold. Mina. . . Kunendoda lapha eLouisville ebilunge kakhulu, ngenkathi nganginemihlangano lapha, futhi igama layo nguMfowethu Burgum. Futhi ubefuna u—ubusuku noma obubili, inkonzo. Ngizobona uTeddy wakhe omncane, ngiyakholwa, uTeddy Arnold. Ngesikhathi esithize kuleliviki.

10 Bese kuthi-ke uMgqibelo ozayo neSonto, uma ngingakwazi, iNkosi ithanda, ngifuna ukuba sezansi eMadisonville. Babenabangamashumi amabili nanhlanu, amashumi amathathu abefundisi phandle lapho. Bonke behlezi lapho, beza kokunye. . . Omunye wayengayisithupha, amamayela angamakhulu ayisikhombisa. Awu, akukho muntu lapho, ngakho wawungekho lapho, futhi akukho phutha elingelami, kodwa mina nje. . . kodwa nje ngokungaqondi kahle, noma ukunganaki ukumshayela ucingo. Futhi ngizozama ukuba sezansi lapho ngempelasonto ezayo, iNkosi ithanda.

11 Khona-ke, ziyisihlanu kuya ziyisithupha, mina eBrooklyn, eNew York. Bese kuthi-ke kusukela lapho, zilishumi nane, zilishumi nanhlanu, nangamhla zilishumi nesithupha, eParkersburg, eWest Virginia. Ngisanda kwenza lawo malungiselelo amabili izolo ebusuku nakulokhu ukusa. Manje, eCharlotte, eSouth Carolina, isohlwini nje, kodwa angazi. Khona-ke, amaholidi ayeza.

12 Khona-ke siwelela eWest Coast, okungukuthi balungisa u—umhlangano wehholo elikhulu. Manje lena yi—yimihlangano emincane njengasezikoleni eziphakeme nezinto ezinjalo. Lowo ngaphesheya lapho eWest Coast, izoba a—amadolobha amibili, umhlangano wedolobha ohlangene, wase-Oakland naseSan Francisco.

13 Bese kuthi-ke isithunywa sasePhoenix, kungukuthi uMfowethu Roberts akakwazi ukuba lapho kulonyaka, ngizothi ukuthatha indawo yakhe ezansi ePhoenix, e—emhlanganweni wesifunda sonke saseMaricopa. Lowo ngumzamo wobumbano.

14 Futhi ngikhulekeleni ngoba ngi—ngiyawudinga. Futhi ngiyaqaphela ukuthi ngaso sonke isikhathi ukukholwa kuyaziphakamisa, bese udeveli ephendulela zonke izibhamu esihogweni kukho ngqo, kanjalo, niyabo, ngakho kukwenza kube lukhunyana.

15 Ngakho, kulokhu ukusa, ukukhulekela abagulayo. Ngifuna ukufunda elinye iZwi laPhakade likaNkulunkulu, bese kuthi-ke ngikhulume imizuzwana embalwa emiBhalweni, bese kuthi-ke ngibe nomkhuleko wabagulayo. O, ngithanda kanjani ukukhuluma ngaYe! Awuthandi wena na? Ngiyathanda nje ukukhuluma ngaye.

16 Manje ngifuna ukufunda eBhayibhelini, amaKhosi esiBili isahluko 2, ivesi le 12, ingxenye yalo.

> *Futhi* u-Eliya *wakubona, futhi. . . wakhala, Baba wami, baba wami,* izinqola *zika-Israyeli, nabamahhashi bakhe.*

17 Futhi manje ngendlela ye—yendikimba, noma indaba, ngifuna ukukhuluma nge: *INgubo Ende Eyisekeni.* Ngakho iNkosi mayinezele izibusiso zaYo njengoba sikhuluma nani kulokhu ukusa. Futhi yiba semkhulekweni ngathi.

18 Ngalesisikhathi sokubusa kukaIsrayeli ezweni. U-Israyeli wayeyisizwe, futhi kwakuyisizwe esinamandla, futhi kwakuluhlobo lwesikhathi esithule phakathi kwengxenye yezempi yalo. Kodwa e—engxenyeni yokomoya yalo, kwakuluhlobo lwe—isikhathi so—sokuzifanisa nomunye. Futhi uma sibheka emuva eTestamenteni eliDala, singathola njalo izibonelo zalokho okuqhubeka namhlanje. Njalo, eBhayibhelini, izinto ezikhona manje, ziyizinto nje ezingumfuziselo wokwakukhona ekuqaleni.

19 Manje, iNcwadi kaGenesise iveza konke okusemhlabeni namuhla. Akukho lutho emhlabeni ngaphandle kwalokho okungaqalanga kuGenesise, ngoba kusesiqalweni. Phakathi lapho, kwaqala zonke izimfundiso-ze. KuGenesise, kwaqala yonk'into eyaqala. Futhi iBandla leqiniso laqala kuGenesise. Futhi ikholwa lamanga laqala kuGenesise. Futhi ukungakhathaleli kwaqala kuGenesise. UGenesise wawuyisiqalo.

20 Futhi manje ngesikhathi sokubusa kuka-Eliya, noma ukuhamba kuka-Eliya lapha emhlabeni, owayengumprofethi kaNkulunkulu wehora.

21 Futhi uNkulunkulu akakaze azishiye Yena uqobo emhlabeni ngaphandle kobufakazi. UNkulunkulu uye njalo, ndawo ndawo, indawo ethize, waba nomuntu lowo Angabeka izandla zaKhe kuye futhi uyomela ubufakazi. Ngakho uma Esenze lokho, ezansi kusukela kuGenesise, isiqalo, ngokuqinisekile, ndawo ndawo, uNkulunkulu unomuntu lowo Angabeka isandla saKhe kuye manje. Ngoba U—Ungaphezu komuntu oyedwa manje, Unamadoda amaningi lawo Angabeka isandla saKhe kuwo, ngoba sehlela e—esikhathini sokubutha, isikhathi sokuvuna.

22 UGenesise kwakungukutshalwa kwembewu, futhi leminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha bekunguvuthwa kwesivuno. Futhi manje imbewu isibe imbewu yona uqobo. Isibuyele ekuqhakazeni, futhi isuka ekuqhakazeni iya e—iya esithelweni. Futhi sekuyisikhathi sokubutha manje, isikhathi sokuvuna, zonke izinto ezinkulu kakhulu ezaqala. IBandla leqiniso elaqala kuGenesise selehlele esikhathini sesithelo, isithelo sikaMoya. Futhi umphik'ukristu lowo owaqala kuGenesise usehlele esithelweni sakhe. Futhi sisesikhathini nje sokuvala saso sonke lesisimiselo sesikhathi ezwe, i. . .somuntu ofayo. Futhi si. . .Yisikhathi esikhulu kunazo zonke ukuthi noma ubani, noma yimuphi kunoma yimuphi umnyaka, owake waphilwa, kulesisikhathi. Yisikhathi sokuthuthumela. Yisikhathi esikhathazayo ezonini, kodwa yisikhathi esimangalisayo kumaKristu, ngoba siyazi ukuthi siya—siyapakisha, noma sibutha imizamo emincane yokugcina ndawonye, ukuya eKhaya bese sihlangana neNkosi.

23 Manje abantu, namhlanje, njengoba uqalaza futhi ubona inkathazo enkulu kakhulu nosizi lubhekene nesizwe. Lapho, ubusuku obumbalwa obedlule, bengikhuluma nomunye, ubengomunye walaba lapha abaqaphi abaqaphile. Futhi bathi, "Mfowethu Branham, sayalwa nje nguhulumeni ukungalokothi siphinde seluleke abantu ukuba balale phansi ngase... kude newindi elikwiphansi, uma ibhomu lishaya, noma bengalokothi bangene endlini yangaphansi, ngoba lelibhomu elisha abebengalilawula ngeradio ukusuka eMoscow kuya kuFourth Street eLouisville, futhi lishaye ngqo emgwaqweni. Balidubule likhuphuke. Line tar-...izinto ngaphakathi kulo, iziqhumane, futhi zilithatha izinkulungwane eziningi kakhulu, izinkulungwane eziningi kakhulu. Lilawulwa ngezinkanyezi nange radar umshini wokupopola, futhi baliqathaze ngqo kuFourth Street eLouisville, lisuka eMoscow, eRussia. Futhi uma belishaya lapho...Akudingeki usebenzise ibhanoyi noma lutho. Vele ukususe masinyane *lapha*, futhi lizohlala khona *lapho*. Futhi lizoqhumisa umgodi emhlabathini, wendawo, ukujula kwamafidi ayikhulu namashumi ayisikhombisa nanhlanu kuya emamayeleni ayisikwele ayishumi nanhlanu noma ngayiphi indlela okuhamba ngayo, amamayela ayishumi nanhlanu. Akukho lutho ongalwenza ngaphandle kokulungela ukuthatha indiza esitezi esiphezulu, yinto kuphela ofanele uyenze lapho kufika lezozikhathi.

24 Cabanga nje, bangadubula angamashumi amahlanu awo, noma ikhulu lawo, esikhathini esisodwa, uma bebefuna ukukwenza. Kophela konke, ngaphakathi kwesikhala se... Ngikholwa ukuthi imizuzu engamashumi ayisithupha noma amashumi ayisishiyagalombili, noma into ethize, noma imizuzwana—imizuzwana, njalo, kusukela lapho kuza lapha, ekushabalalisweni konke kwayo yonke into ebiyokwenzeka. Bekungesale lutho phakathi kweLouisville neHenryville, naphakathi kweLouisville ne—neBardstown, noma ezansi phakathi lapho, kodwa umgodi owodwa emhlabathini nesigejane sothuli lulele kuwo. Yilokho kuphela obekuyosala, ngaphandle kwezindawo obekuyophuma, futhi livuthe amamayela namamayela namamayela ngaphezu kwalokho. Futhi ngenkathi elilodwa liqathaka lapho, elinye liqathakela ngaphesheya kwenye indawo ethize, ukuhlangabezana nalo.

25 Ngijabula kakhulu ukuthi sinoMpheme. "IGama leNkosi linguMbhoshongo onamandla, olungileyo abalekela kuWo futhi baphephile." Kungenandaba ukuthi maningi kangakanani amabhomu noma ziningi kangakanani enye into ethize oku... Siphephile Lapho. Ngakho, izwe nesoni, bengenawo loMpheme, noma leNdawo yokuphepha, yisikhathi sokuthuthumela. Ngikholwa ukuthi, ukuba ngangingesuye umKristu, ngangiyosangana, ukucabanga ngalokho obekungenzeka noma ngasiphi isikhathi. Futhi nendlu igcwele abantwanyana

abancane, nakho konke, bengingekwazi ukuthi ngenzeni. Kodwa ngijabule kakhulu ukuthi ngingama endlini yami futhi ngethule kubo uMpheme ukuthi akukho bhomu elingake lize lithinte, noma lutho olunye, ngaphansi kwamaPhiko avikelayo eNkosi uJesu. "Akungawo amandla, akungakho ukuba namandla, kepha ngoMoya waMi," kusho iNkosi. Niyabo? Lokho ngukuvikeleka kwethu.

26 Futhi esikhulu kangaka, isikhathi esihle kakhulu okuyiso, ukwazi ukuthi sonke isono nokuzabalaza nezivivinyo zempilo maduzane zizobe seziphelile. Konke kuyophela ngolunye lwalezi zinsuku, futhi siyoya eKhaya ukuba sibe neNkosi. Manje, okusele, yisikhathi sokushumayela iVangeli nokuletha kuloMbhoshongo omkhulu kakhulu, abaningi ngakho konke esingakwenza.

27 Manje-ke, njengoba sibona iphethini lesifundo sethu namhlanje, sikaEliya, ngesikhathi sokubusa kwakhe, yena... noma, ukuhamba kwakhe emhlabeni, ngani, wayengenkulu kakhulu, indoda enamandla. UNkulunkulu wayemsebenzisa ngezindlela ezinamandla, ngamandla amakhulu. Futhi sithola ukuthi ngalesi sikhathi, kwakuneqembu labazifanisa nabanye abazama ukulingisa u-Eliya, owazama ukwenza izinto ezifanayo u-Eliya azenzile.

28 Futhi ngakho sithola into efanayo namhlanje; ukuzifanisa kobuKristu, abantu abazama ukwenza njengomKristu, abazama ukuzenza bona uqobo amaKristu. Ungeke wakwenza lokho. UNkulunkulu ufanele enze lokho. NguYe kuphela Ongakwenza.

29 Ngakho babumba isikole, basibiza ngokuthi, "isikole sabaprofethi." Futhi bonke bakhuphukela esikoleni sabaprofethi, futhi babafundisa. Futhi sengiyabona bonke labo bashumayeli phezulu lapho, begqoke uhlobo olufanayo lwebhantshi lika-Eliya alugqoka. Sengiyabona bezama ukuzifanisa naye ngephimbo lakhe, indlela akhuluma ngayo. Ne—nendlela aziveza ngayo, wonke umuntu ezama ukwenza okufanayo, ngoba u-Eliya wayeyindoda enkulu kakhulu eyayisetshenziswa uNkulunkulu.

30 Futhi sithola into efanayo namuhla. Ngangilalele ukusakaza komsakazo, kungekudala. BanoBilly Graham kulo lonke lelizwe, selokhu uBilly wayeseLouisville. Wonke umuntu ezama ukulingisa into efanayo, bacishe bakame izinwele zabo ngendlela efanayo, futhi—futhi bagqoke into efanayo, nohlobo olufanayo lwephimbo, nokunye nokunye. Kodwa ungekwenze lokho. Ufanele nje ube yilowo onguye nalokho uNkulunkulu akwenze ukuba ube yikho. Kunjalo. Futhi ngakho-ke sithola ukuthi kanjani lokho, mhlasimbe, ngalezo zinsuku into efanayo yenzeka.

31 Manje, uNkulunkulu, ebona, ebona ngaphambili ukuthi izinsuku zika-Eliya zazibaliwe, ukuthi wayekade elangazelela

ukuhlala lapha emhlabeni, njengoba wonke umuntu enakho. Ngakho, Wayezoba ngolandelayo ku-Eliya. Futhi ngenkathi Esenzile, uNkulunkulu wabiza lendoda. Yayingekho ekholiji lezenkolo ngenkathi Eyibiza. Yayilima ensimini, ngejoka lenkabi, yenza inkonzo, noma inakekela unina noyise. Futhi uNkulunkulu wayibiza ukuba ibe ngolandela u-Elisha, noma u-Eliya.

32 Mhlawumbe abaningi enhla esikoleni bacabanga ukuthi banesiqiniseko ukuthi babezoba abamlandelayo bakhe, babezogqoka ingubo yakhe ende ngokushesha nje lapho eseqede ngayo.

33 Kodwa, uNkulunkulu wenza ukubiza. UNkulunkulu wenza ukukhetha. UNkulunkulu wenza ukhetho. UNkulunkulu wenza ukubeka ngokohlelo. "UNkulunkulu ubekile eBandleni: abanye, abaphostoli; abanye, abaprofethi; abanye, abafundisi; abanye, abavangeli; nabelusi." UNkulunkulu wenza lokho, Yena uqobo. Asikwazi ukwenza olunye unwele lube mnyama noma mhlophe, futhi asikwazi ukunezela into eyodwa esiqwini sethu ngokucabanga. UNkulunkulu, ngomusa waKhe ongenasiphelo, nangokhetho lwaKhe nokwazi kwaKhe ngaphambili, ubeka lezizinto ngokohlelo, futhi lonke isondo lisebenza kahle nje. Ngiyakuthanda lokho.

34 Bengiyoba indoda edangele, kulokhu ukusa, ukuba angikholelwanga okhethweni nasekubizeni kukaNkulunkulu. Uma ngacabanga ukuthi lelizwe lashiywa emphumeleni walo, ngamandla omuntu, nangokuhlakanipha komuntu, nanga "amane amakhulu," nama-U.N., futhi abangalokothi bakhulume ngisho iGama likaNkulunkulu. Bengiyoba umuntu odangele. Kodwa angibheki kulokho okomphumela.

35 Ngibheka phansi emakhasini aleNcwadi endala *lapha*, lapho uNkulunkulu aYiloba khona, futhi konke kuzofika ngqo ngendlela Akusho ngayo, futhi yilokho konke. Ngakho, into kuphela mina ukuba ngiyenze akusikho ukushaya umugqa kanye nabo, kodwa ngishaye umugqa neKalvari. Ngishaye umugqa noNkulunkulu, ngishaye umugqa neZwi laKhe, ngihlale eZwini laKhe. Kungenandaba ukuthi kubukeka kangakanani sengathi kuzoba nga*leyo*ndlela; kuzoba ngendlela uNkulunkulu ahlose kube ngayo. Ngeke kube yinto enye. Ngokuba, Yena engongenasiphelo, wazi isiphetho ekuqaleni, futhi Wenza konke kuze odumweni lwaKhe. Kunjalo.

36 "Zonke izinto zizosebenzelana." Konke kuzodingeka kume khona endaweni yakho ngqo. He! Uma lokho bekungenze isibindi kumKristu! Akukho okungahamba kabi. Empeleni, akusiyo impi yethu; ngeyaKhe. Akusikho ukuhlakanipha kwethu; ngokwaKhe. Into eyodwa kuphela ebesifanele siyenze ngukubeka ukholo lwethu nethemba lapho, futhi sihlale singanyakazi futhi sibone inkazimulo kaNkulunkulu, sibone

ukuthi Kuhamba kanjani endaweni yaKho, nalo lonke isondo lihamba. Kungenzeka kusakazeke kuzo zonke izinhlangothi, kodwa Kuyohamba ngqo endaweni yaKho efanele lapho uNkulunkulu ekhuluma iZwi.

37 Wasazi isiphetho kusukela ekuqaleni. Wayazi ukuthi wayezokhetha. Wayazi ukuthi uElisha wayezothatha indawo ka-Eliya, ngaphambi kokuba umhlaba uze ubunjwe. Konke kuzofanele kusebenze ngokuyikho ngqo nje.

38 Futhi sikhathazekile ngabathandiweyo bethu, nokunye nokunye, "Ngabe bayoke bangene na?" Amagama abo, uma ayelotshiwe eNcwadini yokuPhila yeWundlu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, bayosebenza bangene lapho ngqo. Yileyonto kuphela angayenza. Sinikeza ubufakazi futhi sikhanyise ukuKhanya. UNkulunkulu uyakwenza, Lowo obalethela Khona.

39 Manje qaphelani, ku-Eliya, khona-ke, emva kokuba ephonse ingubo yakhe ende kuye, futhi wayilinganisa kuye. Ngamanye amazwi, u-Eliya umprofethi, owayenengubo kaNkulunkulu emahlombe akhe, wehla wase eyibeka phezu kuka-Elisha, umlimi, ukubona ukuthi ingamlingana yini. Futhi kuthathe cishe iminyaka eyishumi ukuba aguqulwe, ukuba anele leyongubo.

40 Niyazi, uNkulunkulu ngokuvamile usifaka esitolo bese esicwala kahle. Manje, Akazange ayiguqule ingubo yakhe ende ukuze ilingane u-Elisha; Wayala u-Elisha ukuba alingane ingubo ende. Futhi yilokho Akwenzayo namhlanje. Uyasiguqula ukuba silingane ingubo ende, hhayi ingubo ende ukuba ilingane thina. Ngezinye izikhathi sifuna ukwenza ingubo ende isilingane, kodwa singekwenze lokho. Uzofanele ukuthi u (vumele) ukuba uguqulwe, wena uqobo, wenzelwe ingubo ende. Yingubo ende kaNkulunkulu, futhi Wayenza yaphelela. Futhi sine. . . Uzofanele asilethe kulelozinga, ukwenza ingubo ende isenele.

41 Ngakho, asikwazi ukuphelela, ngokwethu. Siyazi ukuthi asikwazi. Akukho-ndlela kithi ukuba sikwazi, futhi, nokho, Washo ngathi ukuba sikwenze. Ngakho, kodwa, lokho Akwenza, Wasihlawulela; iNkosi uJesu Kristu nokulunga kwaKhe. Yilapho ukuphelela kufika khona; ngokungabunaki ubungcwele bethu uqobo, okungukuthi asinabo; nemicabango yethu uqobo, ebingafanele. Kodwa siphumule ngokugcwele phezu komsebenzini osufeziwe weNkosi uJesu. UNkulunkulu waMthumela emhlabeni, futhi kwakukuYe ukuthi siphumule.

42 Qaphelani, yonke leminyaka, ngokwazi kwethu konke, wayenalowo mbhaphathizo wengubo ende uhamba phezu kwakhe. Kodwa ngokuhamba kweminyaka, uNkulunkulu wayebumbe isimilo sendoda saba sendaweni lapho, emva

kokubizwa kwakhe, ukuthi wayezolingana engutsheni ende futhi abe inceku yeNkosi.

43 Bese kuthi-ke ngenkathi u-Eliya esedlule futhi wayiphonsa phezu kwakhe, futhi baqala ukwenyukela eGiligali nakwezinye izindawo eziningi abazihamba, ukuya esikoleni sabaprofethi, endleleni yabo, behamba beqhubeka. Futhi, ekugcineni, u-Eliya wayezama ukubuyisela u-Elisha emuva. Nakuqaphela na? Ezama ukumbuyisela emuva. Wathi, "Mina . . ." Kungenjalo, "Mhlawumbe umgwaqo uthe ukuba umqansa kakhulu kuwe, ndodana. Mhlawumbe muncane kakhulu kakhulu kuwe ukuba uhambe."

44 Niyazi, lapho u-Eliya ayekhona, kwakungukuqonda. Futhi noma yikuphi lapho inceku yeqiniso kaNkulunkulu ishumayela iVangeli, lingeliqondile, iVangeli elingonakalisiwe lapho Lishunyayelwa khona.

45 Ngani, ngolunye usuku, wakhuphukela lapho esikoleni sabaprofethi, ukubavakashela, futhi bamcela ukuba ahambe. Bathi, "Kuqonde kakhulu ngapha, kithi."

46 Esikudingayo namuhla ngokunye okuqondile futhi, ukushunyayelwa kweVangeli okuyokwehlukanisa ukolo emakhobeni, noma okulungile kokungalungile. Wenze okulungile ku "lunge," futhi okungalungile "akulungile."

47 Bonke laba bafo nolwazi labo, nakho konke ababeyikho! Bathumela ukuba bathole abazokudla, futhi omunye wabo wathola umvini wasendle, futhi wabuthela izintangazane, futhi wapheka ukufa okuthize ebhodweni labo lobufundisi. Futhi, into yokuqala niyazi, bamemeza, "Kunokufa ebhodweni!"

48 Kodwa u-Eliya, enesabelo esiphindwe kabili, wayazi ukuthi kufanele kwenziweni, ngakho wafaka impuphu egcwele isandla ebhodweni. Wathi, "Hambani niqhubeke ngqo futhi nikudle." Ngamanye amazwi, ba . . .

49 Namuhla, uhlobo, ngingacabanga, ukuthi sineMethodisti eningi, iBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, amaPentecostal, nakho konke okunye, konke kuhlanganiswe ndawonye, futhi omunye umelene nomunye. Futhi asidingi ukukhipha yonke into nokuqeda ngayo. Sidinga enye iMpuphu egcwele isandla. Kugcina ibandla elifanayo.

50 Impuphu yayivela endlini yesikole lapho, okwakungumnikelo wempuphu owawungeniswe ngabantu, futhi ulibo lokuqala lwesivuno esasibekwe emhlabathini nogudluthukela othize okwenza konke okusanhlamvu kwempuphu kufane. Bese kuthi-ke lapho . . .

51 Lempuphu, ingefanayo, yayifanekisa uKristu. Impuphu ingukuphila. Futhi lapho umfanekiso kaKristu, impuphu, seyikhule ngokufanayo; okusho ukuthi, "uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." Futhi impuphu emnikelweni

wempuphu, nalapho befaka lempuphu lapho, bebeka uKristu ekufeni kwaveza ukuPhila. Yilokho okwenza umehluko esimeni sethu esifile, ekwahlukaneni kwethu, ezimpikiswaneni zethu zobufundisi nakho konke. Uma nje singaletha uKristu kukho, bekuyoguqula ukufa, nokwahlukaniswa, kuye ekuPhileni, uma besiyokwenza nje.

52 KunamaBaptisti ayizigidi eziyishumi nesishiyagalolunye eMelika. KunamaMethodisti ayizigidi eziyishumi nantathu eMelika. KunamaLuthela ayizigidi eziyishumi nanye eMelika. NamaPresbyterian ayizigidi eziyishumi eMelika. Futhi uNkulunkulu kuphela owaziyo ukuthi amaKatolika amangaki, okwedlula noma yimaphi amahlelo. Kodwa, kukho konke, sidingani na? IMpuphu egcwele isandla. Sidinga ukuletha ukuPhila ebandleni. Futhi uKristu ungukuPhila. Wafikela ukusilethela ukuPhila.

53 Ngakho-ke, babe nezingxabano zabo, nezikole zabo, neyabo i theo-. . . amasayense ezenkolo, nokunye nokunye.

54 Kwase kuthi-ke u-Eliya watshela u-Elisha, "Kungcono ukubuyela emuva, ngoba indlela ingaba nzinyana." Kodwa indoda kaNkulunkulu eyake yabhekana nayo, noma yaphonswa phezu kwehlombe layo ingubo ende yokulunga kukaNkulunkulu namandla, akulula kakhulu ukubuyela emuva.

55 Lapho ngizwa umelusi ethi, kulokhu ukusa, ukuthi okwethu . . . "Abaningi sebeyadikibala." Esikudingayo, mfowethu, kuthatha isibindi! Esikudingayo ngukukhuthazwa. Kunjalo. Izivivinyo zingahle zifike. Asikaze sethenjiswe ukugomeka kuzo, kodwa Uzopha umusa ukuba udlule kuzo. Uma intaba iphakeme kakhulu ukuba uyinqamule, ijule kakhulu ukuba uye ngaphansi kwayo, ibanzi kakhulu ukuba uyizungeze, Uzopha umusa ukuba udlule kuyo. Kunjalo. Vele ungakhathazeki nje, kodwa gcina amehlo akho kuKristu, ngokuba NguYe kuphela ongasidlulisa.

56 Manje, sibabona njengoba besahamba, beza esikoleni. Futhi wathi, "Hlala lapha manje. Yiba lapha, futhi uhlale phansi futhi ube uthisha omuhle wesayense yezenkolo, nokunye nokuye. Futhi mhlasimbe, ngolunye usuku, ungahle ube yinhloko yesigaba esithize yekolishi lapha. Kodwa ngifanele ngiqhubekele ezansi kancanyanyana."

57 Ungacabanga indoda kaNkulunkulu ineliswa ukuba yinhloko yesigaba esithize yekolishi, lapho aMandla kaNkulunkulu ebekiwe ngqo ngalapho ayeme khona na? Qhabo, mnumzane. Wathi, "Kuphila kweNkosi nomphefumulo wakho uphila, ngeke ngakushiya." Ngiyakuthanda lokho.

58 Hlala nakho, kungenandaba ukuthi udangele kangakanani, ngisho noma kuvela kumama wakho, ubaba wakho, noma kumelusi wakho. Hlala naYe.

59 Baqhubekela eJordani. Bawela. U-Eliya wathi, "Manje, ufuna ngikwenzele ini na?"

60 Wathi, "Ingxenye ephindwe kabili yomoya wakho ukuba yehlele phezu kwami." Wazi ukuthi wayenomsebenzi ayemele awenze. Wathi, "Ingxenye ephindwe kabili." Hhayi nje isehlakalo esihle esifudumele, hhayi nje ukuxhawulwa okuhle, noma inhlanganyelo enhle nalo lonke ibandla. Kodwa, "Engikufunayo yingxenye ephindwe kabili okungokwedlula konke manje."

61 Ngiyanitshela, uma uNkulunkulu ebeka umuntu emsebenzini womhlaba, uzomele abe nento engcono kunezwe elinayo. Uzomele abe nento ethize engcono kunaleyo ibandla elinayo. Uzomele akhethe ingxenye ephindwe kabili.

62 Futhi uma kwake kwaba khona isikhathi lapho ingxenye ephindeke kabili yadingeka khona, kunamuhla, emazingeni abantu; into ethize engcono, into ethize ephakeme. Angikwazi . . . Ngicabanga ukuthi ubhontshisi nesinkwa sombila kuhle kakhulu, kodwa ngezinye izikhathi ngifanele ngifinyelele ngaphezudlwana. Futhi senza lokho; sifanele. Sizofanele siqhubeke sikhwela. U-Israyeli wayehlubuka uma wawuhlale emhlabathini ofanayo. Umele uqhubeke noma ubuyele emuva. Futhi lingaleyo ndlela ibandla.

63 Ngakho, lapho besahamba, kwakungesikho kepha imizuzu embalwa waze wathi, "Ucele into enhle kakhulu, kodwa, noma kunjalo, uma ungibona lapho ngihamba, ungabanakho okucelile."

64 Manje, lokho kufanele kube ngukucabanga ngenhloso-yinye kwesisusa, ngukucabanga ngenhloso-yinye kwenhliziyo, ngukucabanga ngenhloso-yinye kweso, ugcina iso lakho esithembisweni. Hhe! Uma ugula kulokhu ukusa, uma uhluphekile, kunesithembiso esisodwa esihle kakhulu; hhayi ngo-Eliya, kodwa ngoNkulunkulu uQobo. "Uma ungakholwa, lapho ukhuleka, kholwa ukuthi uyakuthola okucelayo, futhi uyakukwamukela." Kungenandaba ukuthi udokotela uthini, kuhamba kangakanani *lokhu* noma *lokho* kuhamba kangakanani; gcina uhlose kuphela esithembisweni.

65 U-Eliya umnika umyalo, "Uma ungibona lapho ngihamba, iyoza kuwe."

66 Nasi isithembiso, "Uma ungakholwa, konke kuyenzeka kwabakholwayo."

67 Ngezinye izikhathi ngiyazibuka, futhi ngicabange, "Ngibe yithekethekе elinjalo empilweni yami. Ngilindile, futhi ngageja izinkulungwane eziningi zemiphefumulo, ukuba zingene eMbusweni, ngoba ngilindile futhi ngathi, 'UNkulunkulu . . .' Ngencike kakhulu kakhulu esiphiweni sokomoya. Futhi ngathi, 'Nkosi, uma Uzovele ungibonise, uma Uzonginika umbono engifanele ngikwenze.'" Futhi uNkulunkulu unikeza

umbono, khona-ke ngizophenduka futhi ngivumele umuntu angikhulumise kwenye into ethize.

68 Futhi, o, angizange ngifike endawaneni, nokho, ngize ngi . . . njengoba nginakho ngalesi sikhathi, ukuthi ngizwa ukuthi kungukukholwa, ukuthi sifanele siphumele phandle lapho, ngoba yisithembiso. Futhi izinto Azenzile, nokuphulukisa Akwenzile, nezimangaliso; okukhulu kangako, kwehlile futhi kwaba nesithombe saKhe sithathwe ngasohlangothini lwethu, nokunye nokunye, okungazange kwaziwe selokhu kwaqala umhlaba. Bese kuthi-ke ume uzungeze njengotheketheke na? Kungenza ngisho ngidangale ngami uqobo. Yisikhathi sokugcina iso lakho esithembisweni.

69 Futhi yilokho, ngomusa kaNkulunkulu, engihlose ukukwenza. Futhi ngiyaqaphela ukuthi bonke odeveli basesihogweni bazokudubula. Kodwa, ngomusa kaNkulunkulu, ngihlose ukugcina iso lami esithembisweni.

70 U-Eliya wathi, "Uma wena . . ." U-Eliya wathi, "Uma ungibona lapho ngihamba, uzobanakho okucelayo." Kunjalo. Uzomele ugcine iso lakho kukho; ubhekisise isithembiso. Njengokuthi, kuthiwani uma esinye sesikole, uma ebuya, bese ethi, "Yeyi, bafana, nginjani manje, ngilandela ngqo ngemuva komprofethi na?" Wayeyohluleka, mhlawumbe. Kodwa akakhathalelanga ukuthi isikole sacabangani, noma ukuthi bonke othisha bacabangani. Akakhathalelanga ukuthi omakhelwane bacabangani, noma izindlu, noma ngubani owambheka. Wagcina ukholo lwakhe esithembisweni.

71 Esikudingayo namuhla ngukukholwa esithembisweni sikaNkulunkulu, futhi singanaki lutho kulokho *lona* akushoyo noma *lowo* akushoyo.

72 Njengoba umzalwane wathi, umfundisi wayenamantombazane amabili ayeyizimungulu, nokuthi ukugxeka ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu, ukuthi, "Abantwana abaphulukiswanga."

73 Ungabanaki abagxekayo. Gcina ukholo lwakho esithembisweni. UNkulunkulu washo kanjalo! "Umkhuleko wokukholwa uyakusindisa ogulayo, noNkulunkulu uyakubavusa." Uma Engenza oyedwa oyisimungulu nesithulu ezwe, Engenza omunye oyisimungulu nesithulu ezwe. Siyazi, ngobufakazi obungenakwehluleka, ukuthi Uyakwenza lokho. Gcina ukukholwa kwethu esithembisweni. Amehlo ethu asenhlosweni-yinye; izindlebe zethu zisenhlosweni-yinye; izinhliziyo zethu zisenhlosweni-yinye; futhi, into eyodwa, kuJesu Kristu, futhi Uyakwazi ukwenza lokho Akwethembisile. O, lapho sicabanga ngalokho, kuguqula sonke isigcawu lapho sithola lokho. UNkulunkulu wenza isithembiso. UNkulunkulu nguYe owakusho.

74 Manje, *nakhu* omele uNkulunkulu akusho, futhi manje uNkulunkulu uQobo ukushilo. Khona-ke yini esingayenza na? Lutho kodwa sigcine umqondo wethu kulokho. Wathi, "Uma ungibona lapho ngimuka, ungaba naso isithembiso." U-Elisha wagcina amehlo akhe eku-Eliya. Kungenandaba ukuthi kumpompolozani ohlangothini ngalunye, yini eyenzekile ohlangothini ngalunye, kwenzekeni ngaphambi kwalokho, akazange akubuke ngisho. Wagcina amehlo akhe esithembisweni. Nakho lapho okhona, amehlo akho esithembisweni.

75 Ngicabanga ngenenekazi esilivakashele ngolunye usuku, uDadewethu noSauer. Futhi udokotela emtshela ukuthi wayemubi kangakanani. Futhi angizange ngimtshele; ngitshele othandiweyo. Nokuthi bekungenzeke kanjani yena ukuba aze asinde. Manje, umfowethu, umkhwenyana wakwakhe wangibuza ngakho. Ngathi, "Uma engagcina amehlo akhe esithembisweni." Kungenandaba ukuthi kwenzekani, gcina amehlo akho esithembisweni.

76 Emavikini ambalwa edlule, uDadewethu Wood lapha, noMfowethu Wood, abangani bami ababili besifuba lapha ebandleni. NgangiseMichigan nabangani bami, uLeo noGene. Sasishiye umhlangano waseChicago futhi sahamba kanye nabanye babantu babo, ukuya. . .izinsuku ezimbili, ukuyozingela izinyamazane amadiye ngeminsalo nemicibisholo. Futhi endleleni yami ebuyayo, umkami wayebambelele kimi, futhi wathi, "Ukhulekele umama kaNkk. Wood. Umdlavuza usudle waqeda ubuso bakhe." Futhi wathi, "Angikaze ngibone uDadewethu Wood ethuke kangaka. Ukhala izinyembezi." UDadewethu Wood ubelokhu eyiqhawe lokukholwa, kusukela uNkulunkulu waphulukisa umfana wakhe ngomlenze okhubazekile, waphulukisa yena eneTB, nokunye nokunye. Kodwa wayeselahle ithawula.

77 Lapho ekamelweni, ngalobo busuku, sakhuleka. Kungena, uNkk. Wood wathi, "Mfowethu Branham, sizowela." Futhi saya kumama wakhe, owayeseLouisville. Futhi wayekade enomdlavuza ohlangothini lwekhala lakhe, nodokotela wayelithunukile, walisakaza; kwaze kwathi indingiliza encane nje ohlangothini lwekhala lakhe, futhi phezulu cishe isishiyagalombili se-intshi ukusuka esweni lakhe, ithambo nje lilele lapho. Usuvele ulidlile ngokushesha nje njengoba lingawudla liwuqede.

78 Ngingena egunjini, futhi ngaguqa phansi. Ngathi, "Ngifuna ukukhuluma naye yedwa." Futhi ngingena egunjini ukuba ngikhuleke nowesifazane. Futhi ngenkathi ngisesegunjini, ngacabanga, "O Nkulunkulu, uma Uzovele ungibonise umbono nje ngalokho okuzokwenzeka kowesifazane." UMnu. noNkk. Wood bahlezi ngaphandle, belinde ukubona ukuthi umbono uyothini.

79 Kodwa ngenkathi ngiseselapho, ngalahlwa. Ngalahlwa ngokulinda umbono. Kubonakala sengathi Okuthile kwabhekisela emuva, kwakungesilo ubizo. "Okudingayo umbono, lapho isithembiso sesivele sishiwo na?" Ngakho ngaguqa phansi ngase ngikhuleka. Futhi ngisakhuleka, into ethize yavele yagxilisa okwehange ngaphakathi, ukukholwa kwesithembiso.

80 Ngiyabuya ngiyaphuma. Futhi uNkk. Wood, ngenkathi ngimtshela ngakho, wathi, "Uke wabona noma yini, Mfowethu Branham na?"

81 Ngathi, "Angikaze empeleni ngibone lutho, kodwa ngizwe Okuthize okungitshele ukuthi isithembiso saKhe sasiyiqiniso futhi Wayezokwenza. Futhi ngiyakholwa ukuthi Uzokwenza."

82 Futhi ngaphansi kwamahora angamashumi amabili nane, ukuphela kwalowo mdlavuza kuqala ukuhlakazeka futhi uqweqwe lwakheka phezu kwawo. Umdlavuza awakheki uqweqwe, njengoba nazi, ngaphandle uma ufile. Ngakho wawusulapho manje. Futhi owesifazane usephulukisiwe, futhi usekhaya. UKristu omangalisa kanje pho! Ngokugcina amehlo ethu esithembisweni! UNkulunkulu washo njalo!

83 Kodwa uma sikhulekelwa, ngezinye izikhathi, siyasuka bese sithi, "Awu, akwenziwanga ngokushesha nje, ngakho-ke mhlawumbe kungcono sibuyele emuva futhi." O, qhabo.

84 Gcina iso lakho esithembisweni. UNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula. Yikho konke okwakho. Uma uNkulunkulu esho njalo, uNkulunkulu uyakwazi ukugcina isithembiso saKhe, noma Akalokothi neze asenze.

85 UAbrahama wabiza lezozinto, ezazingekho, njengokungathi zazikhona. Futhi, iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, emi kokungenakwenzeka, ngoba wayebale ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukwenza lokho Ayekwethembisile. Amen. Futhi singabantwana baka-Abrahama, ngokukholwa.

86 Ngokuqinisekile, u-Eliya wagcina amehlo akhe... noma u-Elisha ku-Eliya, futhi lapho eqhubeka. Futhi emva kwesikhashana, inqola yafika yase ibehlukanisa, omunye kolunye uhlangothi nomunye, kwase kuthi-ke yathatha u-Eliya. Phezu... Wakhwela enqoleni wase ekhuphuka, wase ekhumula ingubo yakhe ende emahlombe akhe wase eyiphonsa emuva ku-Elisha. Ngoba, uElisha wayesekhulile walingana nayo, niyazi, ngakho-ke imenela kahle. Futhi ningacabanga...

87 O, ngifuna ninginakisise, njengoba ngizwa umphimbo wami uhayizela. Ngifuna ukunibuza okuthize.

88 Beningacabanga ukuthi u-Elisha wazizwa kanjani lapho ecosha lengubo ende, wayibeka phezu kwehlombe lakhe na? O, umuzwa onje pho!

89 Angiqondile lokhu ukuba kube ngokuphathelene nami siqu, kodwa cishe iminyaka eyishumi edlule, epulpiti lapha, ngashumayela ngentshumayelo; uDavide, iqhawe linendwayimane esandleni salo, noGoliyathi phambi kwakhe. Ngalezozinsuku yayingekho imikhankaso yokuphulukiswa emasimini, akukho ndawo, njengoba sazi ngakho. Futhi, o, abantu babenzima kangakanani abantu ekuphulukisweni ngokukaNkulunkulu! Kodwa kwakukhona okuthize, ngemva kokuhlangana neSidalwa. Futhi omelusi bangitshela ukuthi ngangilahlekelwa yingqondo yami, lokho kwakungebe njalo. Kodwa, kusukela kuleli bhokisi elifanayo lapha, ngakhuluma ngoDavide. Wathi, "Niqonde ukungitshela ukuthi lena, izimpi zikaNkulunkulu ophilayo, zizovumela lowo mFilisti ongasokile adelele lempi na?"

90 Omdadlana oqhothe amahlombe, umfana onezinwele ezisongene egqoke isiphuku sesikhumba sezimvu, nendwayimane esandleni sakhe; nempi yonke ka-Israyeli imile, ikakiwe. Futhi yena, eyedwa, ephumile. Nendoda, no—nomkhonto ongamafidi ayishumi nesishiyagalolunye ubude, nento ekupheleni kwawo isinda ama-shelkun amaningana, mhlawumbe amaphawondi angamashumi amabili ensimbi, eloliwe; umkhonto ongamafidi ayishumi nesishiyagalolunye. Neminwe engama-intshi ayishumi nane ubude. Futhi uDavide mhlawumbe wayesinda amaphawondi angamashumi ayisishiyagalolunye, futhi wema, egxuma-gxuma phansi naphezulu, njengeqhude elincanyana elibhashile, ethi—ethi, "Niqonde ukungitshela, o, he, ukuthi nizovumela lowo mFilisti ongasokile . . . " [UMfowethu Branham uyangqongqotha epulpiti kane—Umhl.] "Uma ehlala endaweni yakhe, myekeni ahlale. Kodwa udelela izimpi zikaNkulunkulu ophilayo." O, he, iqhawe elinje pho! "Futhi nonke nesaba ukuyolwa nakho na?" Wathi, "Nginikeni yena." O, he! Wathi, "UNkulunkulu weZulu wangivumela ngibulale ingonyama ngendwayimane. Wangivumela ngibulale ibhere ngendwayimane. Futhi umzomnikela kangakanani lowomFilisti ongasokile esandleni sami pho!" Ngokuqinisekile.

91 Futhi lapho ukunqoba kokuqala kwanqotshwa, noGoliyathi wavuma phansi, izimpi zonke zika-Israyeli zalandela uDavide. Futhi banquma amakhandla futhi bashaya, u-Israyeli . . . noma bashaya amaFilisti ayothi ngqu ezweni lawo. Bawavalela emakhoneni, bawabulala, futhi bathatha imizi yawo, nakho konke, futhi baba nokunqoba.

92 Mfowethu nodadewethu, into efanayo seyenziwe emazingeni okokungaphezu kwemvelo, lapho bathi, "Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu ngeke kwasebenza. Izinsuku zezimangaliso selwedlule." Uma izinsuku zezimangaliso selwedlule, izinsuku zikaNkulunkulu selwedlule. Ibandla elingakholelwa kokungaphezu kwemvelo ekugcineni

lizofa, futhi uNkulunkulu uzolishiya ibandla. Kumele! Futhi uNkulunkulu wanikeza isithembiso, futhi izithembiso zikaNkulunkulu ziPhakade.

93 Lapha esikhathini esithile esidlule lapho amanye amantombazane edlala nge-radium, futhi ayeyicwilisa, bese ependa izandla ze-radium emawashini. Nginokunye kulokhu. Futhi intombazane yenza iphutha futhi yathatha ibhrashi futhi yaligxisha emlonyeni wayo. Layibulala. Futhi iminyaka neminyaka kamuva, bathatha isibonisa-kakhulu basifaka ogebhezini lwaleyo ntombazane, futhi babeyizwa leyo-radium iqhubeka, "Bhri-bhri-bhri." Ayipheli. Iqhubeka nokusebenza, njalo njalo. Akukho kuma kuyo.

94 Futhi, o, mfowethu, uma i-radium inalolo hlobo lomthelela kithi, ngaphezulu kangakanani-ke ongapheliyo, oPhakade, okungaphezu kwemvelo, okunamandla onke, ongenakuphela konke, uNkulunkulu uMninimandla onke! Uzomele abe nomthelela ofanayo njengoba Aqala. Uzofanele abe nakho konke, noma Akasuye uMninimandla onke, uNkulunkulu onamandla onke. Usalinde omunye umuntu onokukholwa okunamandla kakhulu, ozothi qekelele futhi aphonsele inselelo isitha ezisekelweni zeZwi laYo futhi athi Linjalo.

95 Futhi manje kwenzekani, ngokushesha nje lapho umkhankaso wokuphulukisa omkhulu kakhulu usuqalile na? Khona-ke izinkulungwane zamasosha, zamadoda kaNkulunkulu, ezancika emabandleni amancane, njengo-Oral Roberts, uTommy Hicks, nabaningi bamanye amadoda avelele ensimini, adonsa iNkemba yawo futhi aya kude. *Le*Nkemba esika nhlangothi zombili, phansi naphezulu, futhi iphuma ingena, "uMhlukanisi wemicabango, ngisho nasemnkantsheni wethambo." Badonsa amaBhayibheli abo, iNkemba yabo, futhi baphuma, ngenkathi bebone ukuthi kungenzeka. Futhi sisishayile isitha, ngomusa kaNkulunkulu, kwaze kwathi umhlaba wonke ube nemvuselelo yokuphulukisa. Kungenziwa. Abelusi abancanyana ababa nezindlu zokukhonzela ezingo thu-bhayi-fo, nokunye nokunye, bokhelwa ngomlilo futhi babona umbono, baxhakathisa inkemba futhi baya phambili, futhi baxosha isitha.

96 Wazi kanjani ukuthi kukhona na? Kukhona amadoda amakhulu kakhulu, uCongressman Upshaw, uKing George waseNgilandi, namadoda amaningi amakhulu kakhulu ayelele egula futhi ehluphekile, aphulukiswa ngaMandla kaNkulunkulu uMninimandla onke. Ngakho abakwazi kusho lutho ngakho manje. Sekwenzekile. Ngokuqinisekile! Waye . . .

97 U-Eliya wabe esehamba-ke. Ngemuva . . . Isifiso senhliziyo yakhe yonke kwakungukuthola leso sithembiso. Wayefuna isithembiso. Kwakuyilezo izinjongo zakhe. Lokho kwakungokwakhe konke. Lokho kwakungukuphila kwakhe.

Lokho kwakungukuhlosa kwakhe, yonke into. Konke, yonk'into, wababelela ekutholeni leso sithembiso.

98 Ngikholisekile ukuba ngikholwe ukuthi asikho qotho ngalento esikhuluma ngayo. Uma injongo yakho yonke, kulokhu ukusa, ilele phezu kokuthi, "Ukunika uNkulunkulu udumo ngenxa yokuphulukiswa kwami. Ngizimisele ukuba ngiphulukiswe ngaMandla kaNkulunkulu. Ngizimisele ukuphila impilo yobuKristu. Ngizimisele ukuhamba ngokuthula noNkulunkulu. Ngizimisele ukukwenza. Angikhathali ukuthi umama uthini, ukuthi ibandla lithini, ukuthi umelusi uthini, ukuthi omunye umuntu uthini, ukuthi izwe lithini. Ngizimisele. Lokhu ngukucabanga ngenhloso-yinye kwenhliziyo yami." Uzofinyelela ndawo ndawo-ke.

99 Khona-ke, lapho u-Eliya ebone ukuthi wayezimisele ukusithola. U-Eliya, U-Eliya wabona ukuthi u-Elisha wayezimisele, wamnika isithembiso. Manje, isithembiso sasingukuthi, "Uma ungangibona uma ngihamba! Uma ungangibona lapho ngimuka!" Manje sesishiwe ku-Elisha. Wayefuna ukuzwa isithembiso, ngakho wathola isithembiso. Manje kukhona u "uma" kuso. "Uma ungangibona lapho sengihamba!"

100 Manje, uma ugula kulokhu ukusa, futhi ufuna ukuphulukiswa, ngingafakazisa kuwe ukuthi uKristu wakunika isithembiso. Isithembiso singesakho, "Uma ungakholwa! Uma ungakholwa!" Unganqotshwa.

101 Manje u-Elisha esongwe ngengubo ende ka-Eliya, umprofethi. Ukumasha komnqobi okunjena pho! Wahamba kanjani, ehamba eya eZulwini, njengomnqobi! Wayesizwile isithembiso. Wazizwela amandla. Wayehamba njengeqhawe, ezansi ngqo eJordani.

102 Makadunyiswe uNkulunkulu, mngane! Lonke ikholwa, kulokhu ukusa, elimbethe ingubo ende ekulungeni kukaKristu, lihamba libheke ngasemgwaqweni waseJordani. Kunjalo.

103 Vumela amabhomu e-athomu afike; vumela owesifazane, noma ngayiphi indlela. Sembathiswe ingubo ende futhi siyahamba, umnqobi. Amen. Mina . . . "Ningesabi. Ngilinqobile izwe." Yebo, mnumzane! Niyakhumbula ukuthini? "Nginqobe izwe." [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe ndawonye kabili—Umhl.] UKristu washo lokho. [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti kabili—Umhl.]

104 U-Eliya wayehamba nengubo ende eyisekeni, ngisho njengomnqobi, ngokufanele, efika eJordani.

105 Mfowethu, ake ngisho lokhu ngokuhlonipha kuwe. Musa ukugqoka ingubo ende yomunye umuntu edliwe yinundu ngokungabaza, lapho konke lokhu ukwehlulwa nezinkolelo-ze nokwehla nokwenyuka kufake izimbobo kuyo, futhi zivuza zonke. Qqoka ingubo ende yoMnqobi, uKristu. Ungathembeli

ebandleni lakho elake lafundisa insindiso ngombhaphathizo, uMoya oNgcwele, elake lafundisa ukuphilisa kukaNkulunkulu futhi manje seliyaKuphika, lonke lidliwe laphela yizinundu zokungabaza nakho konke okunye. Gqoka ingubo ende yaKhe engakaze inqotshwe empini, ngoba usendleleni yakho eya eJordani. Amen.

106 Manje, wayegqoke ingubo ende eyisekeni, kuyiqiniso. Futhi abantu abaningi kulokhu ukusa bagqoke izingubo zabo ezinde ezingamasekeni. Kodwa lapho efika eJordani, waqonda ukuthi ingubo ende iyodwa yayingeke yenze-msebenzi. Kunjalo. Futhi ibandla, iMethodisti, iBaptisti, iPentecostal, iPresbyterian, "O, sinezikole! Uku . . . He, sinayo yonke imigomo yokuziphatha, yeBhayibheli, ukumbambatha ezansi. Sinazo zonke izingubo ezinde ezithungiwe zilungile, izithembiso. Sinakho konke. O, sibhaphathiziwe, sehla. Futhi singabantu abangababaphostoli kakhulu. Sembethe ukholo lobuphostoli. Sikholelwa ekuphulukiseni kukaNkulunkulu. Sikholelwa kuNkulunkulu. Sikholelwa eMandleni kaNkulunkulu. Sibhaphathizile, eBhayibhelini, ngendlela iBhayibheli elayisho. Semukele uMoya oNgcwele. Sikhulume ngezilimi. Senza konke lokho." Kodwa, mfowethu, uma lokho kuyiyonanto kuphela oyidingayo, uzothola ukuntuleka kwakho, futhi, lapho uza eJordani.

107 O, ungahle ukuba wafundiswa. Ungahle ukuba uhlakaniphle. Ungahle ube neD.D., Udokotela wezobuNkulunkulu. Ungahle ube ne Ph.D., uDokotela weSayensi ephathelene nokusebenza kwengqondo. Ungahle ube neLL.D., uDokotela weLatini. Ungahle ube nazo zonke izinhlobo zeziqu. Ungahle umbathe ingubo ende yebandla lamaMethodisti. Ungahle ukube umbethe ingubo ende yebandla lamaPentecostal. Ungahle ukuba wembethe ingubo ende yama-Assemblies kuwe, noma i-Oneness, noma amaTrinitini, noma kungahle kube yini. Yingubo ende eyisekeni kuphela, kwasekuqaleni, kunjalo, yezinye izimfundiso-ze ezenziwe ngumuntu, yacatshangelwa phezu kwayo, nokunye nokunye kanjalo; futhi ngisho noma kade ungumKristu, nebandla belingumKristu, futhi lembatha ingubo ende ngokufanele.

108 Kodwa ngenkathi u-Eliya, esukuma, ephawuleka, kulo lonke usebe lushaye umugqa lugcwele abaprofethi nabagxeki, bebona ukuthi uzokwenzani. Futhi nangu eza, ehamba embethe ingubo ende ka-Eliya. O, he! Haleluya! Yena ufundisiwe, ngokunye. Ufundile. Uzithobile. Uyakholwa. Akukho lutho olungalungile ngaye. Wehla uza eJordani. Izwe liyambhekisisa.

109 O Nkulunkulu, sikudinga kanjani lokho namhlanje! Nabaningi befundisiwe beyizifundiswa; namadoda amaningi angahlakaza ahlukanise lelo Bhayibheli futhi aLihlele ndawonye, ngezibalo; amadoda amaningi angenza izinto ezinhle kakhulu ngezindlela zokufundisa; owazi umlando weBhayibheli

ngawo impela umzuzu, ongakutshela ihora ikhandlela elokhelwa ngalo, nehora elacisha ngalo. Bangakutshela zonke lezi zinto. Futhi ba. . .Banombhaphathizo wamanzi. Banombhaphathizo kamoya, njengoba bekubiza kanjalo, ingubo ende. Banayo yonke into ihleleke kahle.

110 Wenza kanjalo noEliya. Kodwa lapho ehlela eJordani, ukuba abhekane nezwe elibucayi, wakhalela ini na? "Uphi uNkulunkulu ka-Eliya?" Kwakungesiyo ingubo ende ka-Eliya eyakwenza. KwakungaMandla kaNkulunkulu ka-Eliya, akwenzayo.

111 Nento izwe eliyidingayo kulokhu ukusa ngaMandla kaNkulunkulu ka-Eliya. Ungahle ukuba ukhulumile ngezilimi futhi wamemeza, futhi wagijima wanqamula kwiphansi. Kodwa esikudingayo ngaMandla kaNkulunkulu ePhentekoste, ukuba akhiqize izimpilo nezinto ezaziphilwa ngalolo suku, emandleni obuphostoli.

112 Ingubo ende eyisekeni yayilunge ngakho konke, kodwa wayedinga ukubiza okusha enhliziyweni yakhe okuvela kuNkulunkulu. Wayedinga ugcobo olusha oluvela kuNkulunkulu. Wayembethe ingubo ende eyisekeni lapho efika emfuleni, kodwa wayedinga ukubizwa okusha-sha okuvela kuNkulunkulu, aMandla amasha-sha avela kuNkulunkulu, ukuba enze isimangaliso.

113 Futhi, mfowethu, ungesabi ukucela uNkulunkulu noma yini. Ufanele uphoqelele uNkulunkulu, noma ucele uNkulunkulu, noma yini Ayethembisa. Ngokuba, uma ngethula uNkulunkulu ongumninimandla onke futhi onamandla onke, futhi uma ngiyinceku kaNkulunkulu, ngifanele ngenze imisebenzi kaNkulunkulu. Futhi uma ngenza umsebenzi kaNkulunkulu, ngifanele ngiphoqelele uNkulunkulu ukuba afezekise lezizinto, ngoba Ungiphoqelela ukuba ngikhiqize okungenakwenzeka. Ngimele ngiMcele. Ngifanele ngiMbize, futhi ngime lapho futhi ngithi, "Nkulunkulu, Wakwethembisa." Kanjalo nawe, wonke umuntu.

114 "Niyakwamukeliswa amandla," Izenzo 1:8, "emva kokuba uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu." Emva kokuba uMoya oNgcwele sewehlele phezu kwakho! Ngemuva kokuba usumbathe ingubo ende njengomKristu, emva kokuba ukukholwa kwakho kuhleli kuKristu, khona-ke uyakwamukela amandla. Nakho lapho okhona. Yebo.

115 Futhi, mfowethu, dadewethu, yilowo nalowo kini, kulokhu ukusa, mangisho lokhu ngaphambi kokukhulekela abagulayo! Mangisho lokhu! Ngosizo lukaNkulunkulu, ngikhulekeleni. Njengoba ngimile, iminyaka eyishumi edlule, kulomsamo, ngishumayela ngoDavide noGoliyathi. Manje, akuyena uGoliyathi ongivimbele. UNkulunkulu ungibulalele yena phambi kwami. Kodwa into engivimbele, kungukushoda

ngokukholwa, ukushoda ngento ethize engangazi ukuthi yayikhona.

116 Futhi kulokhu ukusa, ngaphambi kwaletabernakele elincane futhi, ngimemeza kakhulu: uphi uNkulunkulu owanikeza lesi sithembiso na? Uphi uNkulunkulu owahlangana nami nalokhu, ngaleya na? Woza ngaphambili, Nkulunkulu, futhi ungiphe isibindi. Ungiphe amandla okuqina. Ungiphe umqondo ozimisele, kungakhathaleki ukuthi yini engenayo noma ephumayo. Noma ngabe kubonakala kumnyama, noma ngabe kubukeka . . . Noma ngabe kubukeka kanjani, qhubeka. Isithembiso siyiqiniso.

117 Mfowethu, dadewethu, ngolunye lwalezi zinsuku, kini bangani abayisoni lapha kulokhu ukusa, nakini bantu abazama ukulingisa ubuKristu. Ungahle ube ngowebandla. Lokho kuhle kakhulu. Anginalutho engingalusho olumelene nalokho. Akunalutho olumelene nemfundo yakho yasesikoleni, noma olumelene nesayense yakho yezenkolo. Anginalutho olumelene nalokho. Kodwa, o, uphi uNkulunkulu na?

118 Kwakungesuye u-Eliya, empeleni. Kwakungesuye u-Eliya owavula lowo mfula. Kwakungesiyo ingubo ende yakhe. U-Elisha wayisusa ehlombe lakhe. Wayisonga ngendlela efanayo u-Eliya enza ngayo. Kodwa lapho eqala ukuzama ukuyivayizelisa, kwakungekho Mandla lapho. Khona-ke wakhala, azi ukuthi uNkulunkulu wayendawo ndawo, "Uphi lowo Nkulunkulu na? Uphi Yena na?" Khona-ke into ethize kufanele ukuthi yashaya umprofethi, ngoba wavayizelisa leyo ngubo ende wase eshaya amanzi, futhi avuleka kusukela lapha kuya lapho. Futhi ngaphambi komfundisi wasesontweni wangalolo suku, ngaphambi kwabagxeki balolo suku, wawela iJordani, njengoba kwenza u-Eliya phambi kwakhe.

119 Asidingi izimfundiso; sinakho lokho. Kodwa sidinga uNkulunkulu ka-Eliya. Sidinga aMandla kaNkulunkulu ka-Eliya, emuva ebandleni lethu. Amandla okwenza ukuba kubambelele lapho, futhi abize iZwi likaNkulunkulu, "Lilungile," kungakhathaleki.

120 Futhi sinjalo, wonke umuntu lapha kulokhu ukusa, njengezidalwa ezingabantu, endleleni yethu eya eJordani. "Futhi lapho efika eJordani." Uzofika lapho, okunye lwalokhu ukusa noma obunye balobu busuku.

121 Lapho efika eJordani, wayehamba njengomnqobi. Kodwa, lapho efika eJordani, lowo kwakungumehluko. Wayembethe ingubo ende eyisekeni. Omunye umuntu wayeyigqokile. Kodwa kwakuyingubo ende enhle, futhi wayazi ukuthi indoda yayiyini eyayigqoke ingubo ende.

122 Mfowethu, dadewethu, okunye lwalokhu ukusa, ngifanele ngehlele eJordani.

123 Bengicabanga. Kulentambama, sehlela kwaMfowethu noDadewethu Wright. Ningabakhohlwa. Lesi yisikhumbuzo sabo somshado osagolide. Ngiyakholwa, ibandla, bazoba ne—nesidlo sasemini nabo. Ngangicabanga, ngolunye usuku: iminyaka engamashumi amahlanu! Futhi ngibabone bobabili, sebekhulile ngempela futhi beshayekile. Ngacabanga, "Yebo, ngineminyaka engamashumi amane nesikhombisa ubudala." Bashada nje iminyaka emithathu ngaphambi kokuba ngizalwe.

124 Amashumi amane nesikhombisa! Ngibheke ngaseJordani. Ngifanele ngehle. Ngifanele ngifinyelele lapho. Ngizofinyelela lapho. Kungenzeka kube ngengozi emgaqweni. Ngingahle ngiqathake emoyeni, ebhanoyini. Ngingahle ngidutshulwe, ngemicibisholo kadeveli ndawo ndawo, futhi ngife. Angazi ukuthi ngihamba kanjani. Kodwa, kunento eyodwa engiyaziyo, ngiyahamba, futhi ngihamba ngibheke eJordani.

125 Kodwa uma sengifika lapho, ngifuna ukwazi into eyodwa, ukuthi ngembethe ingubo ende eyisekeni, futhi. Angithembele kokwami, ngoba akulungile. Ngokuba, ngokushesha nje lapho u-Eliya ecosha ingubo ende ka-Elisha, wadabula eyakhe yaba yizicucu futhi wayiphonsa phansi. Futhi yileyondlela okwakungayo lapho ngithola uKristu. Ngazidabula mina uqobo, imibono yami uqobo, umbhedo wami uqobo, izinto zami ezilulanyana. Ngacabanga, ngenkathi ngisengomncane, umshumayeli weBaptisti, ngangithi angisondele njengoba... Ngangingumuntu othile. Kodwa, ngakudabula; ngembatha ingubo yaKhe ende. Futhi lapho ngifika eJordani, ngifuna ukuzithola ngisongwe ngengubo yaKhe ende. Uyokulandela lokho. Futhi siyofika lapho ngolunye usuku.

Kodwa asikhuleke umzuzwana nje.

126 Baba waseZulwini, njengoba sisemashini yethu yaseJordani kulokhu ukusa, njengabanqobi, futhi ngolunye usuku, sifanele sibonise okuthize eJordani, okungukuthi, ukufa. Futhi, o, kuyoba yinto enyantisa kanje pho, ukuhlukaniswa kuNkulunkulu. Ngeke sakwazi ukuwela. Qhabo. Kodwa, u-Eliya, ngenkathi efika lapho, wayembethe ingubo ende ka-Elisha...ingubo ende ka-Eliya. Futhi ngenkathi ekhumula ingubo ende...ka-Eliya, indoda eyayikuthokozise kakhulu emehlweni aKho, futhi Uyemukelile futhi wayingenisa eZulwini kanye naWe. Futhi u-Elisha wayembethe ingubo yakhe ende, ngakho wanikeza eJordani, ukufa, ingubo ende ka-Eliya. Futhi yemukelwa, neJordani lavuleka, futhi wawela.

127 Nkulunkulu othandekayo, ngolunye usuku, sifanele sehle. Asikwazi ukwethula imisebenzi yethu emihle; asinayo. Asikwazi ukuletha noma yini emhlabeni. Angilangazeleli ngisho noma yini, ukuzama ukwethula, kodwa ngithembele ngokuphelele ekufanelekeni kukaJesu. Wena wamemukela Yena, waMvusa kwabafileyo, futhi Walethwa eBukhoneni bukaNkulunkulu

futhi lapho uyohlala inguna phakade. Futhi, Nkulunkulu, ngifuna ukwethula lokho kuWe, ukuthi ngiyakholwa kuYe, nami ngiyaMthanda. Futhi, ngomusa waKhe, Usembathise ingubo yaKhe ende. Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosisiza manje ezinsukwini zempi. Futhi lapho amadoda kaNkulunkulu afanele enze imisebenzi kaNkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzosivumela ukuba sithathe ingubo ende kaKristu, amandla kaMoya oNgcwele, futhi sibize uNkulunkulu owayehlala kuYe. Siphe khona. EGameni likaKristu siyakucela.

128 Futhi sisakhothamise amakhanda ethu. Ngiyazibuza nje, lapha kulokhu ukusa, uma kukhona umuntu ozama ukwehlela eJordani, ngaphandle kokuba embethe lengubo ende. Uma kukhona umuntu ongayembethe ingubo ende kaJesu Kristu, futhi nakuba yambathwa ngesinye isikhathi yiNdodana kaNkulunkulu. Ngiyazibuza, uma ungenayo leyo kulokhu ukusa, uma ungaphakamisa izandla zakho kuNkulunkulu bese uthi, "Nkulukulu othandekayo, lelihora, manje ngifuna ukuyemukela."

129 UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Ngabe omunye umuntu, ubungasiphakamisa isandla sakho na? UNkulunkulu akubusise, ndodana. Omunye umuntu, ubungasiphakamisa isandla sakho nje na? UNkulunkulu akubusise, mfanyana. UNkulunkulu akubusise, nsizwa. Omunye umuntu bebengasiphakamisa isandla sabo na? UNkulunkulu akubusise, emuva lapho, mnumzane.

130 Mane ukusho nje, "Ngosizo lukaNkulunkulu, kulokhu ukusa, ngifuna ukushiya ukuzenzisa kwami, imibono yami, nemicabango yami yezinjabulo nesikhathi esikhulu, nesono engiphile kuso. Futhi ngifuna uKristu ukuba afake ingubo ende yaKhe kimi, kulokhu ukusa, ukuthi ngizosebenzisa ingubo yaKhe ende. Ngiyazi ukuthi Ingephelele." UNkulunkulu akubusise, ndodana. Omunye umuntu uthi, "Futhi ngizophakamisa nje . . . "

131 Phakamisa isandla sakho, uthi, "Manje ngifuna ukwamukela uMoya oNgcwele empilweni yami. Ngifuna ukwembathiswa ingubo ende ekulungeni kwaKhe. Uma sengifika lapho ngalolosuku, ngeke ngazethula bese ngithi, 'Awu, manje, Uyazi ukuthi ngithengele omuny'umuntu amalahle. Ngenze lokhu.'" Lokho kuhle, lokho kuhle kakhulu, kepha ukuthi . . . Okuthile kwakufanele kufe, ukuze wena uphile, futhi kuphela ngesenzo salokho ungasindiswa. Ungasiphakamisa isandla sakho na? Uthi, "Kristu, manje ngishiya indlela engeyami. Ngamukela indlela yaKho. Ngifuna Wena ube nomusa kimi lapho sengifika ekupheleni komgwaqo?" Kulungile. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise. Kulungile.

Manje sizoba nomkhuleko.

132 Manje, Olungile, Baba waseZulwini, ezinye eziyisikhombisa, isishiyagalombili, izandla eziyishumi ziphakamile. Angisazi isimo sabo. Wena wazi konke ngabo. Angazi. Kodwa banesidingo namuhla. Futhi bayaqonda ukuthi bayadinga, futhi bazimisele ukuza futhi bamukele usizo esikhathini senkathazo; ukubona lelo, ihora elikhulu kakhulu eliseduze manje, amabhomu e-athomu, izinto ezinkulu kakhulu ezisilindele.

133 Futhi ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzobusisa laba bantu, futhi namhlanje beka isandla saKho phezu kwabo bese ususa bonke ububi babo nokungabaza. Futhi kwangathi bangalahla ingubo yabo ende endala edliwe yinundu yokuzenzisa, lapho izinkumbi nomagende, nezinundu zezinkolelo-ze nobusonto, budle baveza izimbobo kuyo, futhi (bona) ngeke kusabambelela isikhathi eside. Kwangathi bengayilahla, futhi befinyelele ngale futhi bathole ingubo ende yeNkosi uJesu. Yithi, "Ngithembela kuYe. Ngiyazisonga, hhayi ekulungeni kwami, noma emicabangweni yami uqobo. Kodwa, kusukela kuleli hora kuqhubeke, ngithembela kuWe." Siphe khona ukuthi bazokwemukela, Baba, ngokuba sikucela eGameni likaKristu. Amen.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org